



UNKZ Nqobile Ndlovu, ongunobhala weBabanango Ilima Farming Co-operative, ukhala ngokubanjiswa isisila sebhobhe wuMnyango wezoLimo KwaZulu-Natal.



UNGQONGQOSHE Themba Mthembu okubikwa ukuthi uziyele mathupha kule nhlango, wayithembisa uxhaso oluvela emnyangweni kodwa kayikalutholi namanje.

"BABANJISWE ISISILA SEHOBHE"

CEBO BUTHELEZI

IKHALA ngoMnyango wezoLimo KwaZulu-Natal inhlango yabalimi basoNdini, iBabanango Ilima Farming Co-operative, ethi ithenjiswa uxhaso luka-R1.5 million yilo mnyango ngo-2017 kodwa namanje kusacwebe iziziba.

UMnu uThulani Zungu, ongusihlalo wale nhlango eyakhiwe ngabesifazane abane nabesilisa ababili, utshele **ILANGA** ukuthi sekuyisikhathi eside bathenjiswa wumnyango le mali ukuze babiyele amasimu, bawalime, bawathuthukise abe sesime ni. Kulo nyaka uthi batshelwe ukuthi le mali isizoncishiswa ibe wu-R500 000 kodwa nakhona bazoze bayithole ngonyaka-mali ozoqala.

"Kufike uNgqongqoshe (Themba) Mthembu ehamba nobuholi besifunda iZululand bezobona le nhlango yethu la isebenzela khona, sathenjiswa le mali okumanje asikayitholi. Okusiphatha kabi wukuthi ezinye izinhlangano ziyaqhubeka nokusebenza, eyethu imile, kasazi kwenzenjani," kusho uMnu Zungu.

Le nhlango ilima ukudla okubalwa kukho amaklabishi, i-spinach namazamba-

ne kanti kuyimanje iqashe intsha ewu-25 ehola u-R1 700 umuntu ngamunye.

Okhulumela uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya KwaZulu-Natal, uNkk uPhathisa Mfuyo, uthi umnyango uyalwazi lolu daba nezingqinamba ezibhekene nale nhlango.

"Lolu daba luyasetshenzwa yinhloko yomnyango esifundazweni, nenhloko yomnyango esifundeni iyaxhumana nosihlalo wenhlango. Umchazele ukuthi

le nhlango isibekelwe imali yokuyilekelela ngonyaka-mali ozoqala ka-2019/20.

"UNgqongqoshe Mthembu uyile kule nhlango ngonyaka odlule mhla ka-29 kuLwezi (November) 2018 waveza ukuthi lukhona uxhaso ezoluthola emnyangweni. Ihhovisi lethu lesifunda lizamile ukulekelela le nhlango ngokuyinika izinto zokutshala ummbila nobhontshisi, yazenqaba ngoba ikhala ngokuthi indawo elima kuyo kayibiye," kusho uNkk uMfuyo.